basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2013

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ama-7.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 1.1.1 NguSenzo. (1)

1.1.2 EKinga Shaka High School. (1)

1.1.3 Abazali bakhe babezokwazi ukuthi wayewuhlupho kanjani esikoleni. (1)

1.1.4 Wazama ukuziphatha kahle ngelanga lomhlangano ukuze uthisha akhohliseke angabe esamceba kubazali bakhe. (2)

1.1.5
- Wayebanga umsindo.
- Wayedlala ngomakhalekhukhwini.
- Wayefuna ukuhlala ekhunjuzwa ukuthi akenze umsebenzi wakhe.

(Okukodwa kwalokhu) (1)

1.1.6 (a) Unolaka/uyasatshwa. (2)
(b) Ukungezwa lapho utshelwa/ukungalaleli. (2)

1.1.7 Nabangani bakhe. (1)

1.1.8
- Lowo mzali ongaphumelelanga kumele achaze isizathu esenze ukuthi angaphumeleli.
- Ngemuva kokuxolisa umzali ube esenza uhlelo lokuthi uzobonana nini nothisha labo abafundisa umntwana wakhe. (2)

1.1.9 Kubaluleke ngokuthi uma kwenzeka ingane yakhe ingaphumeleli noma iba nenkinga, yena njengomzali angeke akwazi ukukhalaza ukuthi isikole asimazisanga kusenesikhathi ukuze asize ingane yakhe. (2)

1.1.10 Iqiniso.
- Umhlangano lo okukhulunywa ngawo ngenhla uwubufakazi balokho.
- Imithetho enzima nebalulekile ebekiwe yisikole mayelana nabazali abangaphumeleli ukuza emhlanganweni.

(Okukodwa kwalokhu) (3)

1.1.11 Imihlangano yalolu hlobo ibalulekile ngoba iqinisa ubuhlobo phakathi kwabazali nothisha, iphinde ikhuthaze abafundi ukuthi basebenze kanzima ngoba bayazi ukuthi uma bengasebenzi, othisha bazobikela abazali babo. (2)

1.2 1.2.1 Umama nguyena ovikela abantwana bakhe/bambona njengomama njengoba kunguyena ovikela amalungelo abo.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngomama.) (2)

1.2.2 Abantu abaningi abahlala endaweni eyodwa. (1)

1.2.3 Kuchaza ukuvikeleka/uma kukhona yena umphakathi kumele uzizwe uvikelekile. (2)

1.2.4 Ichaza ukuthi uzobhekana ngqo nalabo abahlukumeza umphakathi/ichaza ukuthi akukho okungamesabisa ukuthi abhekane nalabo abahlukumeza umphakathi/Ukuzimisela ngomsebenzi wakhe/Ukuzimisela ukubona izinto zenziwa ngendlela efanele. (2)

1.2.5 Kungaba ukuthi kukhona ohlukumeza ilungelo labo/kungaba ukuthi bayesaba/bakhala ngoba befuna umvikeli abezwe ukuze abasize. (1)

1.2.6
- Iwisa/isagila
- Wuphawu lokuthi uhlomile/ukulungele ukubhekana nanoma yiyiphi inselelo/uyiphathele ukujezisa abahlukumeza amalungelo abanye. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Okucashunwe		Okubhalwe umfundi ngawakhe amagama	
1	*'Uhlobo lwe-intavyu olwenziwa uma umuntu eseshiya isikhungo leso abe kade efunda kuso, esebenza kuso noma kade ehlala kuso.'*	1	I-intavyu yenziwa uma ushiya inkampani noma ufuna umsebenzi.
2	*'Inhloso yalo hlobo lokuzethula (lwe-intavyu) ukuthi bathole izizathu zokuthi ushiyelani.'*	2	I-intavyu uyenza ngoba uzazisa noma uchaza ukuthi ushiyelani lapho obusebenza khona/ufunelani ukuzosebenza kule nkampani.
3	*'Intavyu lapho umuntu ebonana khona nomuntu othile ngoba efuna ulwazi oluthile kuye.'*	3	I-intavyu ngoba ufuna ulwazi oluthile ngomuntu othile ukuze umazi kangcono.
4	*'Ukugqokela i-intavyu kuhambisana nohlobo lomsebenzi ofake isicelo sokuwenza.'*	4	Indlela ogqoka ngayo uma uya ku-intavyu ayihambisane nomsebenzi ofake isicelo sawo.
5	*'Fika ngesikhathi yikhona uzophumula kancane.'*	5	Uma uya ku-intavyu fika isikhathi sise khona ukuze ukwazi ukuphumula.
6	*'Zilungiselele ngokuthi ufune ulwazi ngendawo leyo ofisa ukusebenza kuyo.'*	6	Funa ulwazi ngenkampani ofake kuyona isicelo ufunde kabanzi ngayo.
7	*'Kubalulekile ukuthi konke okuphathelene nengxoxo ukuphathe ngendlela efanele.'*	7	Xoxa wenabe ngalokho obuzwa ngakho.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:
Ukwabiwa Kwamamaki:

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki-10

Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kulimi Uma Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

QAPHELA:

- **Isakhiwo:**

Noma ngabe isakhiwo sendaba sibhalwe ngendlela efanele, kumele sifundisiswe bese simakwa ngendlela efanele.

Ukubalwa Kwamagama:

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho.Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Ziningi izifo ezibaliwe kulesi sikhangisi ezilashwa yilo muthi. (2)

3.2 Ukuheha/ukudonsa abathengi (1)

3.3 Isifuba somoya. (1)

3.4 Ungavakashela uDr Jam Jam osesebenze kulo mkhakha iminyaka engaphezulu kweyishumi. (1)

3.5 Imisho iyokwehluka kodwa makuvele lokhu okulandelayo:
Imbiza yokupheka/yotshwala. (2)

3.6 Uma ungazizwa kahle emzimbeni sebenzisa iNatural Health Remedies. (2)

3.7 Ngamakhambi emvelo. (1)
[10]

UMBUZO 4

4.1 Uyathandaza/uyacela (1)

4.2 Yingoba umthandazo kuphela angeke ukwenze uphase uma kade ungasebenzi unyaka wonke. (2)

4.3 Umthandazwana (1)
Kuqhamuke izigebengu washo umthandazwana zanyamalala. (Imisho iyokwehluka) (2)

4.4 Awuyi esikoleni. (1)

4.5 Othisha badelelwa uThemba. (2)

4.6 UThemba udlale ibhola izolo. (Imisho iyokwehluka) (1)
[10]

UMBUZO 5

5.1	5.1.1	Izingane sezikhala/zikhale.	(1)
	5.1.2	Hhawu. Hhawu! Kwaze kwanzima emhlabeni.	(1) (2)
	5.1.3	Njalo ekupheleni konyaka abazali bethu baya olwandle ukuze bashaywe umoya. (Imisho iyokwehluka)	(2)
	5.1.4	Emva **kwesikhashana** nje uthishanhloko wayesefikile ezozibonela ngawakhe amehlo. UBhakuza yena ngaleso sikhathi wayesevuza amathe **emlonyeni** ngenxa yokuphazana **namanzi** amponjwana. Wamvusa wamdonsa **ngendlebe** emtshela ukuthi kufanele aguqule **impilo** yakhe.	(5)
	5.1.5	Udidekile	(1)
	5.1.6	Bake bazikhohlisa ngokuthi **o**Bhambatha **se**beguqukile.	(2)
5.2	5.2.1	Umuzwa wenjabulo.	(1)
	5.2.2	Ufuze mina impela.	(2)
	5.2.3	Usebenzile, kwenziwa kanjena-ke lapha ekhaya.	(1)
	5.2.4	Usho ukuthi bafunda baphumelele./basebenza kanzima.	(2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80